Isifundo 10

**Ncwaba 31-Mandulo 6*

Ukuphila Ivangeli



NgeSabatha Ntambama

Kuleli viki funda ku:
Rom. 8:20-23; Johane 3:16, 17; Math. 9:36; Efesu 2:8-10; 1 Johane 3:16, 17; Isamb. 14:6, 7.

Indimana Yekhanda:
"Ngokuba ngomusa nisindisiwe ngokukholwa; nalokhu akuveli kini, kuyisipho sikaNkulunkulu, akuveli ngemisebenzi, ukuze kungabikho ozibongayo. Ngokuba singumsebenzi waKhe kuKristu Jesu, sidalelwe imisebenzi emihle ayilungisela

Uma-nje sike sakhuluma ngemiyalo kaNkulunkulu, lokho okudinga ukwenziwa, noma imiyalo, sisengozini—noma esilingweni—sokucabanga ukuthi ngandlela thize, lokho esikwenzayo kungasitholela noma kube nomthelela, ekusindisweni kwethu noma kusenze sithandeke kuNkulunkulu. Kodwa iBhayibheli lisitshela kaningi ukuthi siyizoni ezisindiswa ngomusa ngokukholwa kuJesu nokusifela kwaKhe esiphambanweni. Yini esasingayenezela lapho? Noma, njengokubhala kuka Ellen G. White: "Ukuba ubungaqokelela yonke into enhle, nengcwele, nencomekayo, nethandekayo ekumuntu, bese ukunikeza izingelosi zikaNkulunkulu uthi lokho kwelekelelile ekusindisweni komuntu, konke lokho kungaliwa, kuthiwe ukuvukela umbuso:--*Faith and Works*, ikhasi 24. Kanjalo futhi, ngisho nemisebenzi yethu yomusa nesihe kulabo abaswele ayingathathwa ngokuthi eyokuzifunela ukusindiswa. Kunalokho, njengoba sikhula ekuqondeni nokuthakasela usindiso, okuxhumanisa uthando lukaNkulunkulu nokukhathazeka kwaKhe ngabampofu nabacindezelwe kuyodluliselwa kithina esamkeliswe uthando lwaKhe. Uma sibona indlela uNkulunkulu asithanda ngayo, sizobona ukuthi ubathanda kangakanani nabanye, athi asibathande nathi.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha lika Mandulo 7.*

“Ngokuba uNkulunkulu Wathanda Kangaka…”

UJohane 3:16 uthi: “Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka…”—kanti igama lomdabu lesiGriki lithi kosmos, okusho “umhlaba njengento edaliwe nehlelekile.”—*The SDA Bible Commentary*, vol. 5, ikhasi 929. Lendimana iphathelene nokusindiswa kwabantu, kodwa icebo losindiso lithinta nakho konke okudaliwe.

Funda kumaRoma 8:20-23. Kusifundisani lokhu ngamaphuzu ajulile ecebo losindiso?

Yebo kona, komunye umkhakha, usindiso luthinta umuntu ngamunye ebudlelwaneni bethu neNkosi. Kodwa ibanzi lendaba. Ukwenziwa olungileyo akukhona-nje ukuthethelelwa izono. Ngokufanelekile, bekumelwe kushiwo nokuthi kanjani, ngoJesu namandla kaMoya oNgcwele, uJesu udala umndeni kaNkulunkulu, ohalalisela ukuthethelelwa kwawo nesiqiniseko sokusindiswa, phakathi kokunye, ngokuthi ube ofakazi emhlabeni ngemisebenzi yawo emihle.

Funda kuJohane 3:16, 17. Indimana 17 inagalelo lini ekuqondeni kwethu kabanzi indimana 16?

Masikwamukele ukuthi uNkulunkulu uyabathanda nabanye abantu ngaphandle kwethu. Uyabathanda esibathandayo, futhi siyakujabulela lokho. Uyabathanda nalabo esizelulela kubo, futhi ukwazi leloqiniso kusiqhuba ukuba sizelulele kubo. Futhi uthanda Indalo enye yezindlela esibona ngazo kwenzeka lokhu. IBhayibheli lihlale likhomba izwe elisizungezile njengobufakazi bokulunga kukaNkulunkulu: “Uphumisa ilanga laKhe phezu kwababi nabahle, anise imvula phezu kwabalungileyo nabangalungile” (Math. 5:45). Nempilo uqobo lwayo iyisipho esivela kuNkulunkulu, futhi kungakhathalekile ukuthi umuntu uphendula kanjani kuNkulunkulu, wonke umuntu uyasamukela leso sipho.

Lokho kumelwe ukuyiguqula kanjani indlela esibuka ngayo abanye nezimo zabo uma sibathatha njengezidalwa zikaNkulunkulu azithandayo?

Isihe Nenguquko

Izindaba ezixhumene, eyosindiso neyempikiswano enkulu zenza ukuthi sivume iqiniso lasekuphileni elibalulekile ukuze siqondisise umhlaba wethu, siziqonde nathi uqobo. Nanti lelo qiniso: thina nalomhlaba siwile, sigcwele isono. Lomhlaba wethu awusiyo lento owawudalelwe yona, nakuba usekhona umfanekiso kaNkulunkulu owasidalayo, siyinxenye yokonakala komhlaba. Isono esisezimpilweni zethu siyefana nobubi obubanga lobuhlungu obungaka, incindezelo, nokuxhashazwa emhlabeni wonke. Ngakhoke, kusilungele ukuzwa ubuhlungu, ukungaphatheki kahle, ukudabuka, nosizi lomhlaba nezimpilo ezisizungezile. Besizofana nomshini (robot) uma singabuzwa ubuhlungu bempilo yalapha. Izikhalo ezisencwadini yamaHubo, ukudabuka kukaJeremiya kanye nabanye abaprofethi, nezinyembezi nesihe sikaJesu, kutshengisa ukuthi kufanelekile ukuthi siphendule ngalendlela emhlabeni nobubi bawo, kakhulukazi kulabo abalokhu behlukunyezwa yilobo bubi.

Funda kuMathewu 9:36, 14:14, Luka 19:41, 42, noJohane 11:35. Kuzo zonke lezindimana, yini eyenza ukuthi uJesu athintwe yisihawu? Singenza kanjani ukuthi izinhliziyo zethu zithanjiswe ubuhlungu obusizungezile?

Futhi sidinga ukukhumbula ukuthi isono nobubi akuzona izinto “ezilaphaya kude” noma umphumela wokonakala komunye umuntu: “Uma sithi asinasono, siyazikhohlisa, neqiniso alikho kithi” (Johane 1:8). Ngokwazi kwabaprofethi baseBhayibhelini, isono sasiyinhlekelele hhayi ngoba umuntu weqa “imithetho,” kodwa ngenxa yokuthi isono sanqamula ubudlelwane phakathi kukaNkulunkulu nabantu baKhe, futhi nangenxa yokuthi isono sethu sizwisa abanye abantu ubuhlungu. Lokhu kungenzeka ngendlela enkulu noma encane, kodwa kuseyibona lobo bubi. Ukuzicabangela, umhawu, ubulukhuni benhliziyo, ukucwasa, ukuswela ulwazi, nokunganaki, yizimbangela zabo bonke ububi obusemhlabeni, ukungalungi, ubumpofu, nencindezelo. Kanti-ke, ukuvuma ukuthi siyizoni, isinyathelo sokuqala sokuhlakulela uthando lukaNkulunkulu ukuba luthathe indawo yalo efanelekile ezinhliziyweni zethu: “Uma sizivuma izono zethu, uthembekile, ulungile ukuba asithethelele izono, asihlambulule kukho konke ukungalungi” (1 Johane 1:9).

Zibuke wena (kodwa ungaphequluli, futhi hhayi isikhathi eside). Unokudangala okungakanani, futhi kwenzeka kanjani uzithole uyinxenye yezinkinga ezikhona? Iyiphi impendulo okuyiyona yona kuphela, nokuphela kwendawo esingabheka kuyo?

Umusa Nemisebenzi Emihle

Goqa abase Efesu 2:8-10 ngawakho amazwi. Lezindimana zisitshelani ngobudlelwane phakathi komusa nemisebenzi emihle na?

_____

_____

IBhayibheli lisitshela ukuthi phakathi kwezinye izinto, sadalelwa ukukhonza uNkulunkulu nokusiza abanye abantu. Ukuthi lokho bekungaba njani emhlabeni ongenasono, into esingayibuka ngamehlo engqondo kuphela. Okwamanje, ngenxa yesono, sazi kuphela umhlaba owonakele nowile. Ngenhlanhla, umusa kaNkulunkulu, obonakaliswe ngomhlatshelo kaJesu ngenxa yezono zezwe, uvula indlela eya ekuthethelelweni nasekuphilisweni. Kanjalo-ke, naphakathi kwalokhu kuphila okonakele, izimpilo zethu ziphenduka umsebenzi kaNkulunkulu ngokuphelele, noNkulunkulu asiphe ukuthi sisebenzisane naYe ukufuna, ukwelapha, nokulungisa umonakalo nobuhlungu ezimpilweni zabanye abantu (bheka kwabaseEfesu 2:10). "Labo abamukelayo, bamelwe ukupha abanye. Izicelo zosizo zifika ziqhamuka nxazonke. UNkulunkulu unxusa abantu ukuba basize abanye bethokoza."—Ellen G. White, *The Ministry of Healing*, ikhasi 103.

Siyaphinda. Imisebenzi emihle njengokunaka abampofu, ukuphakamisa abacindezelwe, ukuphakela abalambile, asiyenzeli ukuze sisindiswe noma sithandeke kuNkulunkulu. KuKrestu, ngokukholwa, sithola konke ukuthandeka esikudingayo. Kunalokho, sizibona siyizoni nezisulu zesono, kodwa azithandayo uNkulunkulu owazisindisa. Nakuba sisalwa nezilingo zokuzicabangela thina nokuhaha, umusa kaNkulunkulu wokuzidela nokuzithoba usinika impilo entsha nothando okuzoguqula izimpilo zethu. Uma sibheka esiphambanweni, sibona umhlatshelo omkhulu nophelele esawenzelwa, sibone ukuthi akukho esingakwenezela kulokho esakunikwa uKrestu esiphambanweni. Kodwa lokho akusho ukuthi asingenzi lutho oluyimpendulo yethu kulokho esikuphiwe uKrestu. Kunalokho, sidinga ukusabela, futhi-ke iyiphi indlela engcono yokusabela kulolo thando esiluphiwe kunokutshengisa uthando kwabanye abantu?

Funda ku 1 Johane 3:16, 17. Lezindimana ziveza kahle kangakanani ukuthi impendulo yethu ngalokho okwenzeka esiphambanweni kufanele kube yini?

_____

_____

Sindawonye Ebuntwini

Ngezintshumayelo nezimfundiso zaKhe, uJesu wakhuthaza ukubandakanywa kwabo bonke abantu ngendlela eyingqophamlando. Bonke ababemfuna ngezihloso ezinhle—abesifazane abanodumo olubi, abaqoqii bentela, abanochoko, amaSamariya, amabutho amaRoma, noma izingane—wabamukela ngezandla ezifudumele nokunaka. Ibandla lakubona lokhu njengendlela yokuletha isipho sosindiso ebantwini. Njengoba kwakubakhanyela kancane kancane abazalwane ukuthi ivangeli libandakanya bonke abantu, babengathathi-nje imisebenzi emihle yokusiza abanye ngokuthi "into enhle". Kwakungumongo wendlela ababeqonda ngayo ivangeli, njengoba babelibonile empilweni, emsebenzini, nasekufeni kukaJesu. Ngesikhathi beshukashukana nemibuzo eyaqala yabhekiswa kuPawulu noPetru (isibonelo, bheka iZenzo 10:9-20), kwaze kwalandela ibandla esigungwini saseJerusalema (bheka iZenzo 15), baqala babona ukuthi lezindaba ezinhle zibakhanyisele kangakanani ngothando lukaNkulunkulu nokubandakanywa kwabantu bonke, nokuthi labo abazibiza ngabalandeli baKhe badinga ukuphila kanjalo.

Lezindimana ezilandelayo zisifundisani ngokuba ndawonye ebuntwini na? Iphuzu ngalinye limelwe ukuba namuphi umthelela endleleni esicabanga ngayo?

Malaki 2:10

IZenzo 17:26

Roma 3:23

Gal. 3:28

AmaGalathiya 3:28 ukufingqwa kwendaba eyaxoxwa uJesu yomSamariya olungileyo. Esikhundleni sokuphikisana ngokuthi ubani esicindezelekile ukumsiza, vele uhambe uyosiza, mhlawumbe nawe usizakale kulabo esingalindele ukuthi bangasisiza. Okuyikona okusiza bonke abantu emhlabeni kufezeka ngendlela ephakeme emndenini wevangeli ohlanganisa bonke, ngothando olusindisayo lukaNkulunkulu olusibizela ekubeni munye kuYena: "Ngokuba ngaMoya munye thina sonke sabhapathizwa sibe mzimba munye, noma singabaJuda noma singamaGreki, noma siyizigqila noma singabakhululekileyo" (1 Kor. 12:13).

Ivangeli Laphakade

Isimemo nesicelo esiguqulayo sevangeli "kuzo zonke izizwe, nemindeni, nezilimi, nabantu" (ISamb. 14:6) sisaqhubeka kuwo wonke umlando wobuKrestu. Kodwa, iSambulo sikhuluma ngokushunyayelwa okusha kwalesigijimi—izindaba ezinhle ngoJesu nakho konke okuhambisana nalokho—ngesikhathi sokugcina.

Funda iSambulo 14:6, 7. Ukwazi kwethu ngevangeli—okubhalwe ngokufingqiwe kuJohane 3:16—kuhlangana kanjani nesigijimi sengelosi esiqonde-ngqo endimaneni ka 7?

ISambulo 14:7 sihlanganisa amaphuzu amathathu amqoka esesiwabonile kulesifundo ngokukhathazeka kukaNkulunkulu ngenxa yobubi, ubumpofu, nencindezelo kulo lonke iBhayibheli.

Ukwahlulela. Isikhalo sokwahlulela—ukwenziwa kobulungiswa—siphindaphindwa njalo yilabo abacindezelwe kuyo yonke iminyaka. Ngenhlahla, iBhayibheli liveza uNkulunkulu njengozizwayo izikhalo zalabo abasosizini. Njengoba kuvame ukushiwo kweyamaHubo, labo abaphatheke ngendlela engenakulunga bakubona ukwahlulela njengezindaba ezinhle.

Ukudumisa. Imibhalo yabaprofethi bamaHeberu ivame ukuxhumanisa isihloko sokudumisa nemisebenzi emihle, kakhulukazi uma kuqhathaniswa ukudumisa kwalabo ababezibiza ngabantu bakaNkulunkulu, namaphutha ababewenza. Ku Isaya 58, njengesibonelo, uNkulunkulu usho ngokusobala ukuthi ukukhonza akufuna kakhulu yizenzo zesihe nokunaka abampofu nabaswele (bheka kuIsaya 58:6, 7).

Indalo. Njengoba sesibonile, elinye lamaphuzu amqoka obizo lukaNkulunkulu lokuba kwenziwe ubulungiswa ukuthi abantu bawumndeni owodwa, sonke sidalwe ngokumfanekiso waKhe, futhi uyasithanda, sonke siyigugu emehlweni aKhe, futhi akekho okufanele axhashazwe noma acindezelwe ukuze kuzuze omunye ngendlela engalungile neyobugovu. Kusobala ukuthi lokhu kumenyezelwa kwevangeli ngesikhathi sokugcina ubizo olubanzi noluhamba indawo ende lokuthi kwamukelwe isiphephelo, usindiso, nokwenziwa kabusha uNkulunkulu akufunela abantu abawile. Ngakhoke, naphakathi kwezindaba ezithinta ukukhonza kweqiniso nokwamanga, nokuhlushwa (bheka iSamb. 14:8-12), uNkulunkulu uzokuba nabantu abamele iqiniso, nemiyalo kaNkulunkulu, kanye nokukholwa kuJesu, naphakathi kobubi obedlulele.

Singazithola kanjani izindlela zokusebenzela labo abaswele, kodwa ngaso leso sikhathi sabelana nabo ngethemba nesixwayiso esitholakala ezigijimini zezingelosi ezintathu?

Ukujula Nomcabango:

Funda kuEllen G. White, "God With Us," amakhasi 19-26, *The Desire of Ages;* "Saved to Serve," amakhasi 95-107, ku *The Ministry of Healing*. "UNkulunkulu uthi wonke umhlaba uyisivini saKhe. Nakuba okwamanje usezandleni zalowo owawuqhwaga, wona okaNkulunkulu. UngowaKhe ngoba wawudala, wabuye wawuhlenga. Umhlatshelo kaJesu wenzelwa umhlaba. 'UNkulunkulu wathanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yaKhe ezelwe yodwa,' Johane 3:16. Kungenxa yaleso sipho esisodwa ukuze sithole nazo zonke ezinye. Nsuku zonke, umhlaba wonke wamukela izibusiso kuNkulunkulu. Ithonsi ngalinye lamanzi, umsebe ngamunye wokukhanya otholwa abantu abangabongi nokubonga, iqabunga ngalinye nembali, nezithelo, kuyafakaza ngokubekezela kukaNkulunkulu nothando lwaKhe olukhulu."—Ellen G. White, *Christ's Object Lessons,* amakhasi 301, 302. "Akakho umJuda nomGreki, akakho oboshiweyo nokhululekileyo. Senenziwe abaseduze ngegazi likaKristu. (Galatiya 3:28; Efesu 2:13). "Noma ngabe zehlukene kangakanani izimfundiso esikholelwa kuzona, isikhalo sabantu abahluphekile sidinga ukulalelwa, siphendulwe… "Nxazonke nathi sizungezwe abantu abampofu, abalingwayo, abadinga amazwi ozwelo nosizo. Kukhona abafelokazi abadinga uzwelo nokusizwa. Kukhona izintandane uNkulunkulu athi abalandeli baKhe abazamukele njengabaphathiswe zona nguNkulunkulu. Izikhathi eziningi abanakwa labantu. Kungenzeka babe manikiniki, bangaphucuzeki, babukeke bengathandeki nakancane; kodwa bayimfuyo kaNkulunkulu. Bathengwe ngentengo, futhi bayigugu emehlweni aKhe njengathi. Bangamalunga omndeni kaNkulunkulu omkhulu, kanti amaKrestu njengezinceku zaKhe, anomthwalo ngakubona."—Ellen G. White, *Christ's Object Lessons,* amakhasi 386, 387.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Uma sifuna ukwenza imisebenzi emihle nokusiza abanye, singamelana kanjani nesilingo sokucabanga ukuthi ngandlela thize, lokho kusenza sibe ngcono, futhi kusinike nokulunga okufanele akuqaphele uNkulunkulu?

2. Ngabe ibandla lakho noma umphakathi wangakini indawo lapho "kungekho mehluko khona," kodwa lapho bonke bemunye kuKrestu? Lingenza kanjani ukuba njalo kakhulu? Ibandla lakho libamukela kangakanani abanye abantu?

3. Singenza kanjani kulingane ukwenzela abaswele usizo ngoba beswele, lapho thina sinakho okubasiza, kusenjalo sibafundise amaqiniso evangeli? Singakwenza kanjani kokubili, futhi kungcono ngani ukukwenza kokubili?

Ngokufingqiwe:

Uthando lukaNkulunkulu njengoba lubonakaliswe ngecebo losindiso, lwaphilwa empilweni nasekufeni kukaJesu, lusinika intethelelo, ukuphila, nethemba. Njengabantu abamukela lomusa, sifuna ukwabelana ngawo nabanye, kungekona ukuzifunela ukusindiswa, kodwa ngenxa yokuthi sidalelwe kona, senziwa kabusha ukwenza lokho. Kanjalo-ke, ivangeli liguqula ubudlelwane, luqhube umuntu ukuba asize, kakhulukazi labo abaswele kakhulu.